NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2017

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA II
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER II

Isikhathi: Amahora ama-2½ Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Leli phepha linamakhasi ayi-7. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
2. Leli phepha lineziqephu EZIMBILI.
3. Phendula ZOMBILI iziqephu.
4. Izinombolo zezimpendulo zakho mazibe njengasephepheni ungaziguquli.
5. Ungaqala nganoma yisiphi isiqephu kodwa kufanele imibuzo yeziqephu ungayixovi.
6. Qala umbuzo omusha ekhasini elisha.
7. Bhala ngokucacileyo, nangobunono ukuze kube lula ukumaka umsebenzi wakho.
8. Phendula yonke imibuzo ngesiZulu esihle.

IEB Copyright © 2017

ISIQEPHU A *UMSHADO* – NELISIWE ZULU

- **Lesi siqephu sinoMbuzo 1, uMbuzo 2, uMbuzo 3, noMbuzo 4.**
- **Phendula yonke imibuzo.**
- **Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.**
- **Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:**
  - **Ulwazi lwendaba.**
  - **Ukwethula umbono wakho uwusekele kahle.**
  - **Ukubhala inani lamagama.**
  - **Isipelingi esihle.**
  - **Ulimi oluhle.**

UMBUZO 1

Funda isigatshana esicashunwe endabeni, ***UMSHADO***. Phendula imibuzo engezansi.

Bathule okwesikhashana aqhubeke uSifiso abuze: "Konje uthi ungase ushade impela noTholi?"

"Akungatshazwa. **Izinto zona azingihambeli kahle**, kodwa ayikho into engingayenza …"

"Uzomlobola kubani?"

"Kanti abekho yini abakubo?"

"Angazi. Angikaze ngibabone phela mina …"

Akabange esawuphendula lo mbuzo uBheki. Kwacaca kuye ukuthi sengathi luselude ukhalo azoluhamba noTholakele. Wacabanga ngonina kuqala. Omunye owayelimisa ngesihloko elokuthi akafuni **mfelokazi** yena emzini wakhe. Wacabanga **ngoLindiwe owayejonge ukuzozishadisa naye ngenkani** ...

[Ikhasi 35]

1.1 Yini umfelokazi? (1)

1.2 Ngubani umfelokazi ongafunwa ngunina kaBheki? (1)

1.3 "**Izinto zona azingihambeli kahle**,"

Yini eyenza ukuthi uBheki afune ukushada noTholi noma izinto zingamhambeli kahle? Bhala amaphuzu **amabili** uchaze. (2)

1.4 Umama nomalume kaBheki abahambisani nokuthi uBheki ashade nomfelokazi. Nika izizathu **ezintathu** abazitshela uBheki. (3)

1.5 Bhala impendulo ezoba ngamagama **angama-80**.

ULindiwe wayefuna ukuzozishadisa noBheki ngenkani. Yiqiniso leli noma ngumbono kaBhekani? Chaza kahle usekele impendulo yakho ngokusendabeni. (6)

Ulimi nohlelo (1)

Inani lamagama nokulibhala (1)

[15]

IEB Copyright © 2017

UMBUZO 2

2.1 Ukukhethwa **kwendawo yasemjondolo** ngumbhali kuhambisana kanjani nabalingiswa nezenzo zabo?

Bhekisa kuloku:

2.1.1 Ngokwendaba, indawo nempilo yasemjondolo injani? Bhala amaphuzu **amabili**. (2)

2.1.2 Chaza ukuthi izenzo zikaTholi noPamella zihambisana kanjani nendawo. Bhala amaphuzu **amathathu**. (3)

2.2 Bhala impendulo ezoba ngamagama **ayi-100**.

Kunombono ukuthi uSifiso kule ndaba uvezwe njengomngani:

- Ongathembekile (2)
- Onomona (2)
- Ongundabazabantu (2)
- Oqotho (2)

Chaza kahle usekele lo mbono ongenhla **ngezibonelo ezisendabeni**.

Ulimi nohlelo (1)

Inani lamagama nokulibhala (1)
[15]

UMBUZO 3

Bhala ingxoxo ezoba ngamagama **ayi-130 kuya kwayi-150**.

Bhala **ingxoxo** phakathi kukaBheki noLindiwe **ngemuva** kosuku lomshado **ongaphumelelanga**.

Ingqikithi: (okusendabeni = 4; okwakho = 2) (6)

Isakhiwo (2)

Ulimi nohlelo (1)

Inani lamagama nokulibhala (1)
[10]

IEB Copyright © 2017

UMBUZO 4

Bhala i-eseyi ezoba ngamagama **ayi-180 kuya kwangama-200**.

Wena unguBheki usesiteshini samaphoyisa ukuzophendula imibuzo mayelana noTholi.

Bhala **ozokutshela** amaphoyisa ngokulandelayo:

[<www.google.co.za>]

- Imininingwane ngawe: ungubani, uhlalaphi, usebenzaphi njll. (2)
- Wazana kanjani noTholi/ukuchaza ngobudlewane bakho noTholi. (2)
- Konke okwaziyo ngoTholi: umsebenzi, imfundo, ungumuntu onjani. (4)
- Izinto wena ozibonile, ozizwile, ozaziyo nocabanga ukuthi zihambelana namacala kaTholi. (6)
- Abantu abanye amaphoyisa angakhuluma nabo ukuthola ulwazi ngoTholi.

  Bhekisa kulaba:

  Umama kaBheki (2)

  USifiso (2)

Ulimi nohlelo (1)

Inani lamagama nokulibhala (1)
[20]

Amamaki angama-60

IEB Copyright © 2017

ISIQEPHU B UKUBHALA NOKWETHULA

Qaphela lokhu okulandelayo kulesi siqephu:

- **Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.**
- **Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:**
  - **Isakhiwo esifanele.**
  - **Ithoni nerejista efanele.**
  - **Ulimi oluhle.**
  - **Ingqikithi enhle.**
  - **Ukubhala inani lamagama.**

UMBUZO 5

Khetha uMbuzo 5.1 **NOMA** uMbuzo 5.2. Bhala amagama **ayi-150 ukuya kwangama-200**.

5.1 Wena uwine umklomelo. Bhala **inkulumo** ozoyethula ngesikhathi uwamukela lo mklomelo.

[<www.google.co.za>]

Ungafaka okulandelayo nokunye:

- Lo mklomelo ngowani, uwuthole nini, kuphi?
- Chaza ukuthi uzizwa kanjani ngokuwina lo mklomelo.
- Chaza ngempumelelo yakho nokuthi uyithole kanjani.
- Ukubonga abantu nokuthi ubabongelani.
- Umyalezo wokukhuthaza abantu abafisa ukuphumelela.

Ingqikithi (14)

Isakhiwo (7)

Ulimi nohlelo (7)

Inani lamagama nokulibhala (2)

[30]

NOMA

5.2 Abafundi abajabulile ngezemidlalo esikoleni. Uthishanhloko ucele wena ukuthi ubhale **umbiko** ngaloku okulandelayo nokunye:

- Isikhathi esichithwa ngabafundi emidlalweni.
- Ukukhethwa kwabadlali abazodlala emaqenjini.
- Imali echithwa kwezemidlalo yisikole, ngabazali njll.
- Ingcindezi yabazali.
- Ukusebenzisa izikhuthazimzimba.

Ingqikithi (12)

Isakhiwo (9)

Ulimi nohlelo (7)

Inani lamagama nokulibhala (2)
[30]

UMBUZO 6

Khetha uMbuzo 6.1 **NOMA** uMbuzo 6.2. Bhala amagama **ayi-120 kuya kwayi-150**.

6.1 Iphephandaba lesikole licele wena ukuthi ubhale imibono yakho ngesitolo esisha sokudla esivulwe esikoleni. Bhala **izincomo** (*review)* ngalesi sitolo ezizofaka okulandelayo nokunye:

- Indawo yokudlela injani?
- Ukudla kunjani?
- Intengo *(price)* yokudla.
- Abasebenzi bawenza kanjani umsebenzi wabo?
- Indawo yokulungisa ukudla injani?

Ingqikithi (6)

Isakhiwo (2)

Ulimi nohlelo (1)

Inani lamagama nokulibhala (1)
[10]

IEB Copyright © 2017

NOMA

6.2 Wena ufuna umuntu ozohlala naye (*roommate).* Bhala **isaziso** esizovela ephephandabeni/ku-*website*.

Isaziso sakho singafaka okulandelayo nokunye:

- Chaza ukuthi wena ungubani, ungumuntu onjani.
- Chaza ukuthi ufuna ukuhlala nomuntu onjani.
- Indawo yokuhlala ikuphi, injani, malini ngenyanga/ngesonto.
- Bangakuthinta kanjani/imininingwane yakho.

Ingqikithi (6)

Isakhiwo (2)

Ulimi nohlelo (1)

Inani lamagama nokulibhala (1)
[10]

Amamaki angama-40

Amamaki esewonke: 100

IEB Copyright © 2017